**Isimemo sokuphakanyiswa kwamagama amalungu azosebenza eBhodini lezilimi LaseNingizimu Afrika (i-PanSALB)**

IBhodi Lezilimi LaseNingizimu Afrika (i-PanSALB) lasungulwa ngokoMthetho Webhodi Lezilimi LaseNingizimu Afrika wonyaka we-1995 (uMthetho wama-59 wonyaka we-1995) Inhloso yeBhodi ngukuqapha kanye nokuhlola ukusebenza kobuliminingi kanye nokukhuthaza nokuthuthukisa izilimi ezabe zincishwe amathuba phambilini.

UNgqongqoshe woMnyango Wezobuciko Namasiko ngokulandela isahluko sesi-5(3)(a) soMthetho We-PanSAL lapha umema amalungu omkhakha wezilimi kanye nomphakathi jikelele ukuba uphakamise amagama abantu abazosebenza njengamalungu eBhodi.

Abaphakanyiswayo bafanele babe izakhamizi zaseNingizimu Afrika futhi bafanele babe nokuqonda kanye nolwazi olukhulu emkhakheni wezilimi, futhi njengoba bezoba abamele abasebenzisa izilimi ezisemthethweni kanye nolwazi lwezilimi. Ukuphakanyiswa kwabantu abanolwazi lomthetho, ukuphathwa kwezezimali, ukuphatha ngendlela efanele, kanye nanoma yiluphi olunye ulwazi oluzokwenza ukuba iBhodi lifeze izibopho zalo ngokwethenjwa kuyakhuthazwa.

Nanoma ngubani ofisa ukuphakamisa amagama abantu ukuze basebenze njengamalungu eBhodi Lezilimi LaseNingizimu Afrika ufanele athumele okulandelayo:

a) Incwadi equkethe amagama aphelele, ikheli, izinombolo zocingo zophanyiswayo, ethula izizathu zokuba aphakanyiswe;
b) Umlando ofingqiwe wokufunda nokusebenza (i-cv) onolwazi lwakamuva lalowo ophakanyiswayo, kubandakanya nabantu abathathu abangathintwa mayelana nophakanyiswayo;
c) Isitatimende esifushane esisayindwe ngophakanyiswayo esichaza ngokufaneleka kwakhe ukuba aqokwe.

Iziphakamiso zifanele zithunyelwe lapha: The Ad Hoc Committee for PanSALB Nominations Private Bag X897 Pretoria 0001 noma zithunyelwe nge-imeyili kuleli kheli: pansalbnominations@dac.gov.za. Usuku lokugcina lokuvalwa kweziphakamiso umhla zingu-21 kuNcwaba 2016.

**Umuntu okungaxhunywana naye: uMnu. Sibusiso Tsanyane kule nombolo yocingo: 012 4413492**